



## UMPHATHI OMUSHA WESIMANGALISO UHLANGANE NESIGUNGU SAMAKHOSI



Umphathi omusha weSimangaliso Wetland Park Authority uMnu. S. Bukhosini usanda kuhlangana naMakhosi emhlanganweni obubanjelwe eHluhluwe.

uNgqongqoshe womnyango wezamahlathi, ukudoba kanye nemvelo uNks. Barbara Creecy uphinde waqoka uMnu. Bukhosini njengomphathi omkhulu weSimangaliso kulandela iziphakamiso ezenziwe iBhodi leSimangaliso. Usihlalo weBhodi iNkosi Tembe yethule ngokusemthethweni uMnu. Bukhosini eMakhosini njengomphathi omkhulu weSimangaliso Wetland Park Authority. Amakhosi akushayele ihlombe ukuqokwa okwesibili kukaBukhosini. uMnu. Bukhosini wabe eseba nesethulo eMakhosini mayelana nokwenziwe iSimangaliso emiphakathini yaMakhosi kule minyaka emihlanu edlule. Ubalule

izinto ezimqoka ezizuzwe ngehlandla lakhe lokugcina, okufaka phakathi ukunwetshwa kwendawo evikelwe olwandle, ukuthuthukisa ingqalasizinda, ukuthuthukisa ubudlelwane nababambe iqhaza eSimangaliso kanye nokudala amathuba emisebenzi.

uMnu. Bukhosini wakhombisa intshisekelo yokuqhubeka nokuthuthukisa ubudlelwane naMakhosi ngoba phambilini, iSimangaliso sasingathandeki emiphakathini ngenxa yokunganeliseki okwakuvela emiphakathini kanye nobuholi bomdabu mayelana nepaki; ikakhulukazi ngoba umphakathi bekubukeka sengathi ukhishwa ngaphandle ungabi nazwi uma kuthathwa izinqumo mayelana nokuphathwa kwepaki. iSimangaliso singaphansi komasipala wesifunda uMkhanyakude, onke aMakhosi aseMkhanyakude ayingxenye yale-*forum.* UBukhosini wacela Amakhosi ukuthi abe nesandla ekusebenzeni kweBhodi leSimangaliso, ngoba ukholwa ukuthi lokho kungathela izithelo ezinhle. Njengenxenye yokuthuthukisa ubudlelwane naMakhosi, aMakhosi anegunya lokungena mahala epaki, awakhokhi. iSimangaliso sizoqhubeka nokusebenzisana naMakhosi.

Umphathi omkhulu weSimangaliso waphinde wadalula eMakhosini ukuthi iSimangaliso sithole umbiko ongenagcobho kumcwaningi mabhuku waseNingizimu Afrika; waqhubeka wabika ukuthi engxenyeni yepaki eseMkuze sekufakwe iZingulule, lokho kuyimizamo yokuthuthukisa ukongiwa kwemvelo kanye nezokuvakasha epaki. Yize kunjalo, Amakhosi afaka isicelo kumphathi omkhulu weSimangaliso, acela ukuthi iSimangaliso siqhubeke nokusebenzisana no Myango wezokubusa ngokubambisana nezindaba zomdabu(COGTA) ekuhleleni imihlangano kodwa kwengezwe izinsuku umhlangano ubanjwe izinsuku ezimbili ukuze kuzoba nesikhathi esanele sokudingida izingxoxo, ikakhulukazi ezokuthi umphakathi ube nezwi ekuphathweni kwepaki. Umphathi weSimangaliso wasimukela ngezandla ezimhlophe leso sicelo, aMakhosi akushayela ihlombe ukwamukelwa kwesicelo sawo. “Ngiyaqonda ukuthi ukuphatheka kahle kwepaki kuncike kakhulu kubudlelwano obuhle esinabo nemiphakathi” kusho uMnu. Bukhosini.

**-Iyaphela-**

**Isitatimende sikhishwe iSimangaliso Wetland Park Authority**

**Abezindaba bengaxhumana no:**

MLO: Mr Bheki Manzini

Call/WhatsApp: 060 533 2082

Email: bhekimanzini@isimangaliso.com